

# **ISIFUNDAZWE IKWAZULU-NATAL**



**UMNYANGO WEZEZIMALI ESIFUNDAZWENI**

**INKULUMO YESABELOMALI  
ESIBUYEKEZIWE KOWEZI 2017/18**

**IsiFundazwe iKwaZulu-Natal**  
**Inkulumo kaNkk B.F Scott – UNgqongqoshe wezeziMali**  
**Isabelomali esibuyekeziwe – 2017/18**  
**23 kuLwezi 2017**

**A. UKUBUYEKEZWA KWEZOMNOTHO NESIMO SAWO KANYE NEMITHELELA KWEZEZIMALI**

**Isingeniso**

Mama Somlomo, Malunga ahloniphekile esiShayamthetho sesiFundazwe, bozakwethu, bantu baKwaZulu-Natal, bafowethu nodadewethu, ngenyanga edlule uNgqongqoshe wezeziMali, uMhlonishwa uMalusi Gigaba wethule okokuqala ngqa iSitatimende soHlahlomali oluPhakathi noNyaka ebesishaya emhlohleni. Kucace bha enkulumweni yakhe ebingananazi ukuthi izwe libhekene nezinselole eziningi, ezibandakanya ukufekela komnotho, ukukhula kwemali eshodayo kwisabelomali, ukuqagulwa kokwehla kwemali yentela ezoqoqwa, yingozi yokwehliselwa kwezwe esigabeni sikavobe kanye nezinga eliphezulu lokwentuleka kwamathuba emisebenzi.

Uma lezi zinselole kungabhekanwa nazo ngendlela efanele, zingaholela ekutheni iNingizimu Afrika iqhubeke ishoveleke phansi esigabeni lapho izinga layo lokweboleka imali lingamukelekile khona (junk status) lapho kungatshaleki khona imali okungaholela ekutheni izwe liphogoqeke ukucela ukutakulwa ngosizo lwezezimali oluvela esiKhwameni seziMali soMhlaba (International Monetary Fund).

Njengezwe kumele silandele kuJackson Brown, Jr, onguMbhali waseMelika, owathi, ngicaphuna amazwi akhe, *“Indlela engcono yokulungiselela ingomuso ilele ekwenzeni kahle namhlanje”*. Ukuthatha amazwi akhe, ngakho kumele sithathe izinyathelo ezinqala senze nezinqumo ezinzima njengamanje ukuqinisekisa ikusasa eliqhakazile.

**Ukusebenza kwezoMnotho**

Njengoba kungenzeka ukuthi seniyazi, kulindeleke ukuthi umnotho wezwe ukhule ngo 0.7% kulo nyaka besekuthi emumva kwalokho ukhule kancane ngo 1.1% ngowezi 2018. Ukudodobala kwamandla omnotho kulandela ukwehla kwezinga lomnotho wezwe, nokho umnotho osukwazile ukuphuma kuso, kanye nokwehliselwa esigabeni lapho izinga lokweboleka imali lingamukelekile khona (junk status) ekuqaleni konyaka wezi 2017. Kulindeleke ukuthi umnotho ukhule ngo 0.5% KwaZulu-Natal kulo nyaka bese ukhula ngo 0.9% ngonyaka wezi 2018, lokhu kucace bha ukuthi ukukhula komnotho okuphansi kakhulu kunesilinganiso esibekwe kwiNDP kanye nePGDS.

**Izikweleti**

Bafowethu nodadewethu, ngenxa yokuntengantenga kwamandla omnotho wezwe, izikweleti kanye nokukhokhwa kwazo kulindeleke ukuthi kwenyuke kakhulu kule minyaka emithathu kuya kwemine ezayo. UMnyango wezeziMali kuZwelonke uqagula ukwenyuka kwesilinganiso seGDP ngo 60% ngonyakamali wezi 2020/21. Lesi silinganiso besingu 48.3% ngonyakamali wezi 1993/94.

Njengoba echazile uNgqongqoshe wezeziMali kuZwelonke, ukushoda kwesabelomali kuzokhula ngo 4.3% weGDP kulo nyakamali esikuwo, okungaphezulu kakhulu kuno 3.1% uMnyango obuzibekele wona ngoNhlolanja kulo nyaka.

Isikweleti sikaZwelonke siqagulwe ukuthi sizofinyelela ku 61% weGDP ngowezi 2022, kanti izindleko zokubhekana nezikweleti zizoqhubeka nokukhula ngesivini esiphezulu ezindlekweni zombuso kule minyaka emithathu ezayo, okuzothatha ingxenye eningi yemali yezidingo zomphakathi kanye nokukhuliswa komnotho.

ISitatimende soHlahlomali samaPhakathi noNyaka sikuveze kwacaca ukuthi isilinganiso sokusetshenziswa kwemali esethulwe ngonyaka ka 2014 sephulwe ngo R3.9 billion okokuqala kulo nyaka.

Kungokokuqala kusukela ngowezi 2009 ukuthi ukuqoqwa kwemali yentela kube phansi ngo R50.8 billion. Kulesi simo somnotho esiphansi kanye nokukhula kwezinga lokwentuleka kwamathuba emisebenzi okumanje limi kuma 27.7%, isimo sokuqoqwa kwentela sisalokhu siyinselelo, okuyisimo esinomthelela omubi esikhwameni sokusebenza kukaHulumeni.

Ngokombiko wakamumva wabakwaStatistics South Africa, isibalo sabantu abangaqashiwe senyuke ngo 6.21 million ngekota lesithathu lalo nyakamali. Izinga eliphezulu lokwentuleka kwamathuba emisebenzi ezweni, ikakhulukazi kubantu abasha, yikhona izinhlangano ezikala izinga lokweboleka imali ezikubeka phambili njengembangelangqangi ebuyisela emumva ukukhula komnotho wezwe iNingizimu Afrika. Akudingi nokuthi ngize ngikubalule ukuthi yingozi enkulu le ebhekene nezwe.

Kungenxa yaleli qiniso elibuhlungu elenze uNgqongqoshe uGigaba wangambandaza ngesikhathi evuma ukuthi ukukhula komnotho kuyinselelo yangempela, kanti ukukhula komnotho yikhona kuphela okungafukula ingenisomali kaHulumeni kuphinde kutakule nezwe ekushodelweni yimali kanye nokwehliselwa phansi kwezwe ngokwezinga lokweboleka imali yizinhlekele ezibhekele ubume bamazinga amazwe okweboleka imali.

Njengoba kusho umbhali oqavile waseMelika, uWendell Erdman Berry, ngokwamazwi akhe, *“Siyawudinga umnotho omusha, kodwa kube yilowo owakhiwe esisekelweni ngobuhlakani nokucophelela, ekongeni, hhayi ekusaphazeni nasekumosheni. Umnotho owakhelwe ekumosheni nasekusaphazeni uwumthombo wodlame olungalawuleki kanti futhiumphumela wawo yimpi. Sidinga umnotho onokuthula”*.

### ***Imiphumela yokwehliselwa kwezwe esigabeni sikavobe sokweboleka imali***

Mama Somlomo, kungenzeka ukuthi uyazi ukuthi sisalinde imiphumela yezinga lezwe lokweboleka imali kwabakwaMoody's nabakwaStandard & Poor Global kusasa (24 kuLwezi 2017). Isimo esiqamile sokuntengantenga kwezezimali kweNingizimu Afrika singaholela ekutheni ama 90% ezikweleti zerandi zehliselwe ezingeni likavobe, okungahambisana nokulahleka kotshalomali.

AbakwaMoody's kuseyibona kuphela ezinkampanini ezikala amazinga okubolekisa imali abasabeke iNingizimu Afrika yaba ngaphezulu ngeqophelo elilodwa kwesigaba sokuboleka imali esinguvobe. Uma enye yalezi zinhlekelele zinganciphisa izinga lezikweleti zangaphakathi (local debt), isitokwe sika \$125 billion sezikweleti ezibalwa eRandini siyobe singasemukelekile kwiCiti World Government Index (WGBI).

Lokhu kuyoholela ekuphumeni kwezindodla zemali ezimakethe zemali yesibambiso sezwe njengoba abatshalizimali belindele ukuthi amabhondi asekhaya eNingizimu Afrika nawo aphoswe kuso lesi sigaba esinguvobe, okuzofaka ingcindezi ekuhwebeni kweRandi. Okwamanje, iNingizimu Afrika kuseyiyona yodwa eZwenikazi i-Afrika esafakwe ngaphansi kwalolu hlaka.

Mama Somlomo, kucacile ukuthi uhlelo lokusetshenziswa kwezimali olwethulwe kwiSitatimende soHlahlomali lwaPhakathi noNyaka ngeke kuqhubekeke nalo. Kungenxa yalesi sizathu ukuthi uHulumeni ususungule ithimba elizobhekana nezinselelo zokusetshenziswa kwezimali okubhekene nezwe. Leli thimba liholwa nguNgqongqoshe wezeziMali kanti lizobika ngqo kuMengameli weZwe, uMnuz. Jacob Zuma. Inhloso yaleli thimba elikhethekile wukuqhamuka nezinyathelo ezidingekayo ukugcina ukusebenza kwenqubomgomo yokusetshenziswa kwezimali, ezosetshenziswa kwiSabelomali sangoNhlolanja kowezi 2018.

*“Akukho namunye ongakhutshwa yizintaba. Yitshe elincane eliqhuzulanayo. Uma uwudlule wonke lawa matshana endleleni yakho uyozithola usungaphesheya kwentaba”* – Umbhali Ongaziwa.

## **B. IZICHIBIYELO EZIPHAKANYISIWE**

Isigaba sama 31 sePFMA siyalela ukuba iziFundazwe zethule iZabelomali eisBuyekeziwe njalo ngonyaka, nokuthi lokhu kumele kwenzekwe zingakapheli izinsuku ezingama 30 iSabelomali eisBuyekeziwe sikaZwelonke sethuliwe. Le mbuyekezo yenziwa kulezo zimo ezibalulekile ngobumqoka ngokweSigaba sama 31 sePFMA. Lezi zinguquko zibandakanya ukwabiwa kabusha kwemali esuke ikhona esiFundazweni ngaleso sikhathi, ukushintshwa kwezimali ebezibekelwe imisebenzi ethize emavotini ehlukene, ukusetshenziswa kwemali eyongiwe ngaphansi kwesigaba esikhulu sevoti ukukhokhela izindleko ezengeziwe ngaphansi kwesinye isigaba esikhulu ngaphansi kwevoti elilodwa okubizwa ngokwethekelana kuma-akhawunti, wukuphasisa izimali ezingasebenzanga kuleyo minyango engayisebenzisanga yonke imali esuke yabelwe amavoti yisiShayamthetho kulo wonyaka, njalo njalo.

Kulezi zinyangana ezimbalwa ezedlule uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni usubambe imihlangano ewunxambili nemiNyango kanye neziKhungo zikaHulumeni ukubheka indlela okusetshenziswa ngayo izimali, kanye nokubonisana ngezincindezi okungenzeka kube ziqhamukile emuva kokwethulwa kweSabelomali esikhulu sowezi 2017. Ngenxa yesimo sezezimali esingaphansi kwengcindezi, isiFundazwe sikwaze kuphela ukubhekela ukwengezwa kwezicelo zoxhasomali ezimbalwa kakhulu.

### **B.1. Ukukhokhelwa kweSabelomali esiBuyekeziwe**

IsiFundazwe sisaqhubeka nokuba nemali ebhange njengoba kwenzeka kusukela ngoNhlaba 2010. UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni usaqhubeka ngokuqapha ngelokhozi isimo semali esebhange, kanjalo nengcindezi yokusebenzisa izimali ebikezelwe yimiNyango kulo nyaka. Izindlela zokunciphisa izindleko ziyaqhubeka ukusetshenziswa. Yonke le mizamo idale ukuthi isiFundazwe siphethe unyaka ophelile sisesimweni esihle kwezimali, ingxenye eningi yemali eyabiwa manje kulesi Sabelomali esiBuyekeziwe iqhamuke khona lapho.

Lesi Sabelomali esiBuyekeziwe sibhekela ukwengezelelwa kwezimali, ukucazwa kwemali ngokulingene kanye nokudluliswa kwezimali zezibonelelo ezinemibandela, ukudluliselwa kwemali phakathi kwemiNyango, wukumiswa kwezimali ebezihlizakelwe lo nyakamali zibuyiswe kunyakamali omusha, nezimo lapho kudingeka khona isiShayamthetho siphasise izinguquko lapho izimali zisuke zibekelwe okuthile ngokukhethekile.

## C. ISIMO SEZEMALI

**Ithebula 1** liveza isithombe mayelana nezinguquko ezibandakanywe kulesi Sabelomali esiBuyekeziwe esethulwa namhlanje.

**Table 1: Net Financial Position - 2017/18**

R thousand	2017/18
1. 2016/17 Adjusted Budget - Audited	109 914 452
2. 2016/17 Actual Expenditure - Audited	109 594 851
3. 2016/17 Year-end under-expenditure - Audited	319 601
4. 2016/17 Own Revenue Budget - Audited	3 031 769
5. 2016/17 Own Revenue collection - Audited	3 200 700
6. 2016/17 Year-end over-collection - Audited	168 931
7. 2016/17 Budgeted surplus	452 145
8. Less: 2016/17 Revenue collection already allocated in 2016/17 Adjustments	(44 646)
<b>9. 2016/17 Surplus - Audited</b>	<b>896 031</b>
10. Less: Unspent conditional grants approved for roll-over	128 368
National School Nutrition Programme grant	116 807
National Health Insurance grant	311
Human Settlements Development grant	1 372
Community Library Services grant	9 878
11. Less: Unspent conditional grant funding to be returned to National Treasury	3 543
<b>12. 2016/17 funding available after taking into account cond. grant roll-overs and surrenders</b>	<b>764 120</b>
13. Less: Provincial Commitments	767 421
Vote 5: Spending pressures	200 000
Vote 5: Storm damage to schools	56 687
Vote 11: Spending pressures (Traditional Council Elections)	40 000
Vote 4: Ithala Capital Adequacy Ratio	-
Vote 4: Radical Economic Transformation	12 050
Other spending pressures (Public Works - Property rates)	30 000
Vote 2: FMPPLA and S22 of PFMA determines PL may retain own revenue over-collection	6 829
Vote 7: Health	400 000
Vote 8: Re-allocation from NURCHA	18 954
Vote 8: Stedone Development refund	2 538
Vote 10: KZN Sport Awards sponsorships	363
14. Less: Provincial Roll-overs	124 878
Vote 1: King's palaces renovations	1 313
Vote 2: Ito FMPPLA the Provincial Legislature retains any under-spending from prior year	75 679
Vote 6: Forensic services	10 525
Vote 12: Cross-border crime fighting structure, bus lanes Main Road P577	27 246
Vote 14: Provincial Infrastructure Master Plan	5 866
Vote 15: Feasibility studies for Archive Repository (R2m) and various trfs	4 249
<b>15. Funding available after providing for provincial commitments and roll-overs</b>	<b>(128 179)</b>
16. Funds paid into PRF in 17/18 for allocation in 17/18 Adj Est	21 492
<b>17. Funding available after taking into account revenue received in PRF in 17/18 and allocated back to depts</b>	<b>(106 687)</b>
18. Add: 2017/18 budgeted surplus/ Contingency Reserve	650 000
<b>19. Net financial position (including funds returned to Provincial Revenue Fund)</b>	<b>543 313</b>
<b>20. MinComBud determined that funds should be allocated to Flood Disaster of 10 October 2017:</b>	434 700
Education	133 800
Health	100 900
Transport	200 000
<b>21. Final net financial position</b>	<b>108 613</b>

Note: Also to be included in the Adjustments Estimate is an amount of R20.033 million which the KZNGBB returned to the PRF and which is now being re-allocated for office accommodation in Pietermaritzburg

Ithebula linikeza uhlaziyo ngeSimo sezeziMali esifundazweni, kubukwa lokhu:

- Ukusetshenziswa kwemali okungaphansi kwaleyo eyabiwa ngowezi 2016/17
- Ukuqoqwa kwezimali okwevile kunyakamali wezi 2016/17
- Wumgodla obhekele izimo ezingazelelekile kunyakamali wezi 2016/17
- Wukugunyazwa kokudluliselwa kunyaka olandelayo izimali zezibonelelo ezinemibandela
- Wukubuyiselwa kwemali esiKhwameni sikaZwelonke izimali zezibonelelo ezinemibandela ezingasetshenziswanga
- Yizibophezelo zesiFundazwe
- Ukudluliselwa kunyakamali olandelayo izabelomali
- Wumgodla obhekele izimo ezingazelelekile kunyakamali wezi 2017/18
- Ukuhlinzekwa kwemali ebhekelele izinhlelo zokwelekelela uma kunezinhlekelele

Okuyikhona leli thebula elingakubaluli, wukwengezwa koxhaso lwesiFundazwe iKwaZulu-Natal kwiSabelomali esiBuyekeziwe sikaZwelonke. **ISabelomali esiBuyekeziwe sikaZwelonke kuzokhulunywa ngaso kabanzi ngokuhamba kwesikhathi.** Enye imalimbuyekezo efana nokudluliselwa kwezimali phakathi kweminyango nakho kuzokhulunywa ngakho ngokuhamba kwesikhathi.

Okulandelayo kunikeza imininingwane ngomusho ngamunye osethebuleni leSimo sezeziMali.

### **C.1. Okusale esikhwameni kowezi 2016/17**

**Umugqa 1** weThebula 1 uqala ngeSabelomali esiBuyekeziwe sowezi 2016/17, siqhathaniswa nemali esetshenzisiwe kulowo nyaka **kumusho 2**, okukhipha imali engasetshenziswanga engama R319.601 million **kumusho 3**.

**Umugqa 4** uveza iSabelomali seMali eQoqiwe siqhathaniswe nemali eqoqiwe yalowo nyaka njengoba kuvela **kumugqa 5**, okukhipha imali eyeve nge R168.931 million (evela **kumugqa 6**).

**Umugqa 7** usikhumbuza ukuthi isiFundazwe besizihlinzeke ngama R452.145 million esiKhwameni esibhekelele izimo ezingazelelekile kunyakamali wezi 2016/17 kanti lesi samba sisale sinjengoba sinjalo ngemumva kokuthi kufakwe izimali kwiSabelomali esiBuyekeziwe sowezi 2016/17.

Ngesikhathi kuqoqwa izimali zonyakamali wezi 2016/17, eminye yeminyango inxuse ukuba ingxenye yemali eyevile kuleyo eqoqiwe ibuyiselwe kuyo kwiSabelomali esiBuyekeziwe kowezi 2016/17. Ngokunjalo, isamba semali eqoqwe ngokwevile esingama R44.646 million besesibuyiselwe eminyangweni ehlukeni kulesi Sabelomali esiBuyekeziwe sowezi 2016/17 njengoba kuvela **kumugqa 8**.

Ngaleyo ndlela isifundazwe sivale unyakamali wezi 2016/17 iSimo saso sezeziMali sithi kunama **R896.031 million** njengoba kuvela **kumugqa 9**.

## C.2. Imali yeziBonelelo ezinemiBandela engasetshenziswanga ngo 2016/17

Ingxenyanana yale mali ivela kuxhasomali lwezibonelelo ezinemibandela engazange isetshenziswe, ngakho-ke akumele zibalwe, njengoba lezi zimali kufanele ziphindiselwe emumva esikhwameni sikazwelonke, ngaphandle uma zizogunyazwa ukuthi zifakwe kwiSabelomali sangonyaka olandelayo ngokweDORA. Ngenxa yalokho, **Umugqa 10** uveza isamba esigcine singasetshenziswanga eSikhwameni seMali eqoqwe yisiFundazwe kodwa sagunyazwa wuMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke ukuthi sidluliselwe kunyakamali wezi 2017/18 ngokwezibonelelo ezinemibandela ezine. Kumele kwazeke ukuthi lena akuyona imali “entsha” esifundazweni njengoba le mali ivele isesiKhwameni seMali eqoqwe yisiFundazwe. Ukugunyazwa kokudluliselwa kwale mali kunyakamali olandelayo kuchaza ukuthi lezi zimali zingasetshenziselwa ukukhokhela ezinye zezibophezelo zangonyaka odlulile. Ithebula likhombisa izimali zezibonelelo ezinemibandela ezidluliselwe kunyakamali olandelayo:

- Isibonelelo soHlelo lukaZwelonke lokuPhekelwa kweZikole – R116.807 million
- Isibonelelo soMshwalense wezeMpilo kuZwelonke – R311 000
- Isibonelelo sokuThuthukisa ezokuHlaliswa kwaBantu – R1.372 million
- Isibonelelo semiTapo yoLwazi eMphakathini – R9.878 million.

**Umugqa 11** ukhombisa ukuthi isamba esiyizi R3.543 million kumele sibuyiselwe eSikhwameni sikaZwelonke ngokwezibonelelo ezinemibandela ezehlukene. Noma kuyinto engemukelekile ukubuyiselwa kwezimali emumva esikhwameni sikaZwelonke, kodwa kubalulekile sikuqaphele ukuthi le mali ebuyiselwe emumva incane kakhulu mayiqhathaniswa nesabelomali sesibonelelo esinemibandela sezi R17.625 billion, okusho ukuthi yintwana engango 0.02%. Izimali zezibonelelo ezinemibandela ezilandelayo kumele zibuyiselwe esiKhwameni seMali sikaZwelonke:

- Social Sector EPWP Incentive Grant (Ivoti 9: UkuPhepha koMphakathi nokuXhumana) – R1.385 million
- Social Sector EPWP Incentive Grant (Ivoti 10: Ezemidlalo noBuciko) – R1.367 million
- EPWP IsiBonelelo esiDidiyelwe seziFundazwe (Ivoti 10: EzemiDlalo nobuCiko) – R300 000
- EPWP IsiBonelelo esiDidiyelwe seziFundazwe (Ivoti 14: Ezemisebenzi yoMphakathi) – R363 000
- IsiBonelelo soHlelo loMshwalense wezeMpilo kuZwelonke – R90 000
- IsiBonelelo semiTapo yoLwazi esemiPhakathini – R38 000

**Umugqa 12** ukhombisa izimali ezikhona ezingahlinzekela izidingo ngemuva kokudluliselwa kwezibonelelo ezinemibandela kunyakamali olandelayo kanye nalezo ezingasetshenziswanga, kukonke kukhipha izi **R764.120 million**.

### **C.3. Izipophezelo zesiFundazwe selokhu kwethulwe iSabelomali seMTEF yowezi 2017/18**

Kunezipophezelo zesifundazwe eziningana ezidinga imali eseziqhamukile emva kokuthi kwethulwe esiShayamthetho iSabelomali seMTEF yowezi 2017/18. Kumele kwazeke ukuthi kwezinye izimo izimali ziyokwabelwa kuphela umnyango ngonyakamali wezi 2017/18 weMTEF njengoba lesi sikhathi kuyiso ezizodingeka ngaso. Lapho ulwabiwomali luyokwenziwa kuphela ngemumva kweSabelomali esiBuyekeziwe kunyakamali wezi 2017/18, lokhu kuchaza ukuthi (isamba semali siyobasemthethweni ngesikhathi sokwethulwa kweSabelomali sowezi 2017/18). Isimo sezezimali esifundazweni asikuvumeli ukuxhasa zonke izingxenye ezinengcindezi yokusetshenziswa kwezimali eseziqhamukile, kodwa lezi zingxenye ezilandelayo zithola uxhaso olwengeziwe oluyisamba esi R767.421 million kulesi Sabelomali esiBuyekeziwe:

- **Ingcindezi yokusebenzisa imali eMnyangweni wezeMfundo** – Umnyango usubhekane nengcindezi enkulu kulo nyaka ikakhulukazi ohlangothini lokuNxephezela abaSebenzi (Compensation of Employees) kanye nesabelomali sokuthengwa kwempahla nemisebenzi. Ingcindezi yokuNxephezela abaSebenzi idalwa wukuthi umnyango uhlelela ukwenyuswa kwamaholo abasebenzi ngonyaka ngesilinganiso esingaphansi kwaleso esibekwe wuMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke, kanye nokuncishiswa kweSabelomali okudalwe yisinqumo sokuhlinzeka imiholo yeziNduna. Ingcindezi yokuthengwa kwempahla kanye nemisebenzi eyenzelwa uHulumeni idalwa ikakhulukazi yizindleko okubhekeke ukuba zibekhona zohlelo lokuhambela izikole ngenhloso yokuzeluleka, ukuhlinzekelwa kwamalungiselelo ezivivinyo zowezi 2017, okubandakanya izindleko zokugaya nokushicilelwa kweziTifiketi zikaMatikuletsheni, yizivivinyo zokuchibiyela imiphumela, njalo, njalo. Ngenxa yalokho umnyango ubekelwe izi R200 million ukuwelekelela kule ngcindezi, umnyango uphinde wakuveza ukuthi usuhlonze izindawana lapho uzokwazi ukonga khona isamba esiyizi R419 million ukwehlisa ingcindezi yokusetshenziswa kwemali.
- **UMnyango wezeMfundo: Izikole ezikhahlamezwe yizimvula ezinamandla** – Ngomhlaka 17 kuMandulo 2017, imimoya enamandla ikhahlameze izikole eziningi esifundazweni, uNgqongqoshe wezeMfundo wayesenxusa ukuba uMnyango wakhe welekelelwe ngoxhasomali ukuze uzokwazi ukulungisa umonakalo odalekile kulezi zikole. Yizikole ezibalelwa kuma 324 ezithintekile kanti izindleko zokuzilungisa zibalelwa kwizi R56.687 million. Njengoba izicelo zoxhaso lwezindleko zomonakalo osuke udaleke ngenxa yezinhlekelele kusuke kufanele zibhekiswe eziKhungweni eziBhekelelele iziNhlekelele kuHulumeni wesiFundazwe nokaZwelonke, lokhu kuthatha eside isikhathi kanti amathuba okuthi lezimali zitholakale kuwo lonyakamali esikuwo mancane kakhulu. Ngenxa yalesi sizathu-ke, izi R56.687 million zihlinzekelwe ngokukhethekile uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukulungisa lezikole ezikhahlamezekile, kodwa lokhu kuzokwenzeka ngaphansi kombandela wokuthi lolu xhasomali luzosiza ekuqaliseni umsebenzi wokulungisa umonakalo odalekile kuze kube iSikhungo esiBhekelelele iziNhlekelele kuZwelonke siyalubuyisa lolu xhasomali. Lolu xhasomali luhlinzekelwe uMnyango wezeMfundo iminyaka emibili okuyizi R36.687 million ngonyakamali wezi 2017/18 besekuba yizi R20 million kunyakamali wezi 2018/19.



- **UMnyango wezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba zoMdabu: Ingcindezi ekusetshenzisweni kwemali okudalwe yisivumelwano esithathiwe sokuxhasa ngo-50% imiholo yeziNduna** – Umnyango ukuvezile ukuthi usuhlangabezane nengcindezi enkulu ekusetshenzisweni kwemali ngenxa yokuthi kumele uxhase ngo 50% uhlelo lwezibonelelo zeziNduna. Ngesikhathi kuzanywa ukubhekana nengcindezi evela nxazonke ngohlelo lwangaphakathi lokuklelisa izinhlelo ngokubaluleka, isamba esiwu R40 million sesihlinzekelwe ukubanjwa kwezinketho zezakhiwo zoMdabu. Lolu xhasomali luhlinzekelwe ngokukhethekile lo msebenzi kuphela.
- **UMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, EzokuVakasha nezeMvelo (EDTEA): Isidingo sokuxhasa kabusha Ithala SOC Limited** – Umnyango ucele izi R170 million (ohlenganisa izi R60 million odingakalayo ngonyakamali wezi 2017/18 kuphinde kube izi R110 million ezidingeka ngonyakamali wezi 2018/19) ukuqinisekisa ukuthi Ithala liyahlangabezana nesilinganiso esincane se-Capital Adequacy Ratio. Kuye kwahlaluka ukuthi i-EDTEA izokwazi ukuxhasa izidingo zokuzihlela kabusha kunyakamali wezi 2017/18 ngemali obuyongile kwiSabelomali sawo, ngakho azikho izimali ezizokwengezwa kulezi zinguquko zonyakamali wezi 2017/18.
- **EDTEA: Izinguquko Ezinqala kwezoMnotho:** Enkulumweni yeSabelomali esiKhulu saPhakathi noNyaka kunyakamali wezi 2017/18, ngikuvezile ukuthi kunezimali ezizokwengezela lokhu kwiSabelomali esiBuyekeziwe kowezi 2017/18 kuphela uma lolu hlelo seluthole umfutho owanele futhi nezindleko zokuluqhuba sezibaliwe. Ngakhokhe izi R12.050 million uhlinzekelwe i-EDTEA ukuze kwenzeke lokhu, kanye nezinye izimali ezizokwengezwa wumnyango uma usubuyekeze kabusha ngokwezidingonqangi. Izimali ezengezelwa wuMnyango zisuka esikhwameni sesifundazwe zisuke zihlinzekelwe ngokukhethekileyo ukwenza leyo misebenzi yazo ngakho azikwazi ukusetshenziswa kokunye okwehlukile.
- **EzemiSebenzi yoMphakathi: Ukukhokhelwa kwama-rate ezakhiwo** – Isabelomali sokukhokhelwa kwama-rate ezakhiwo koMasipala singaphansi kwengcindezi ngenxa yokukhuphuka kakhulu kwemali yama-rate kwabanye oMasipala, kanye nokuphuculwa kwamanye amabhilidi kaHulumeni okwenza ama-rate alezo zakhiwo akhuphuke. Kulokhu umnyango ucele isamba sezi R40.826 million, kodwa isikhwama sesifundazwe sizokwazi ukuhlinzeka ngezi R30 million bese kuthi imali esele umnyango ubheke ngaphakathi ukuthi uhlela kanjani kabusha ngokukleliswa kwezidingonqangi.
- **IsiShayamthetho sesiFundazwe: Ukusetshenziswa kweMali eQoqiweyo** – IsiShayamthetho sesiFundazwe sizigcinela sona zonke izimali esiziqoqayo ngalokho-ke besekuthi imali eyevile kuleyo eqoqiwe ihlinzekelwe unyaka olandelayo ngokweSigaba 22 sePFMA, nangokoMthetho oLawula ukuPhathwa kweziMali ePhalamende kanjalo nakwiziShayamthetho. Ngalokho-ke izi R6.829 million zibuyisiwe zahlinzekelwa isiShayamthetho kwiSabelomali esiBuyekeziwe ngonyakamali wezi 2017/18.
- **EzeMpilo/Uhlelo lokuNgenelela koMnyango weziMali esiFundazweni** – Njengoba ngibalulile eSitatimendeni engisethule esiShayamthetho mhlaka 24 kuNhlaba 2017, uMnyango wezeMpilo kanye nowezeziMali esiFundazweni isebenzisana ngokubambisana ngenhloso yokubhekana nobuntekenteke ezindaweni ezifana nokukhishwa kwemisebenzi (Supply Chain Management),

Ulawulo lwangaphakathi, Ukuphathwa kwempahla, Ukukhucululwa kwezikweleti esezimbondelene, phakathi kokunye. Isamba esiyizi R400 million sihlizakelwe ukubhekana nalolu hlelo, kanti ingxenye enkulu kule mali ihlizakelwe ezeMpilo besekuthi enye ihlizakelwe ezeziMali. Ingxenye eningi yale mali izofakwa kunyakamali wezi 2017/18, kodwa enye izohlizakelwa unyakamali wezi 2018/19.

- **EzokuHlaliswa kwaBantu: Imali etholakale kulo nyaka izosetshenziselwa uhlelo lwezindlu** – Umnyango ucele ukuthi izimali ebezibuyiselwe kuwona kunyakamali wezi 2017/18 yiNational Urban Reconstruction and Housing Agency (NURCHA) (okuyisamba esiyi R18.954 million) kanye nenkokhelo ngokwe- Stedone Development Project (okuyisamba esiyi R2.538 million) zibuyiselwe kuwona emalini ehlizakelwe uhlelo lwezindlu. Ngalokho-ke lezi zamba sezihlizakelwe wuMnyango kwiSabelomali esiBuyekeziwe kunyakamali wezi 2017/18.
- **Ezemidlalo nezobuCiko: Uxhasomali lwemiKlomelo yoNyaka yezemiDlalo** – Umnyango uthole uxhasomali olufinyelele kwizi R363 000 ukuze ubambe umcimbi wemiKlomelo yoNyaka yezemiDlalo. Njengoba lezi zimali bezingene esiKhwameni seMali eqoqwa yisiFundazwe, kumele zithathwe zidluliselwe emnyangweni ukuze ukwazi ukuzisebenzisa. Ngalokho-ke lezi zimali sezihlizakelwe umnyango kwiSabelomali esiBuyekeziwe sowezi 2017/18.

#### **C.4. Izimali zesiFundazwe ezidluliselwa kunyakamali olandelayo**

**Umugqa 14** uveza amasheya ezabelomali zesifundazwe ezidlulela kunyakamali olandelayo eseziphasisiwe ezifinyelela kwizi **R124.878 million**. Imininingwane ngalezi zimali ezikapakela kunyaka olandelayo inikeziwe ngezansi:

- **Ihhovisi likaNdunankulu** lithola isamba esihlanganisiwe esiyi R1.313 million kwisabelomali esidlulela kunyakamali olandelayo njengoba emalini ebeyabelwe kunyakamali wezi 2016/17 uhlulekile wukusebenzisa izi R5.909 million. Sekungokwesibili lezi zimali zidluliselwa ukulungiswa nokugcinwa **kweziGodlo zeSilo**. Isamba esiyi R8 million sidluliselwe ngonyakamali wezi 2016/17 kodwa sangasetshenziswa sonke ngenxa yokubambezeleka okwenzeka ngesikhathi kwenziwa umsebenzi wokuzivuselela.
- **IsiShayamthetho sesiFundazwe** sona sigcina leyo mali esuke isele yevoti lemisebenzi yalo (operational) njalo ngonyaka ngale kokufaka isicelo eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni ukuze uthole le mali njengoba kwenzeka emnyangweni esifundazweni. Lokhu kuhambisana nePFMA kanye neFMPPLA. Ngalokho-ke le mali engasetshenziswanga yemisebenzi yangaphakathi ibuyiselwa emuva esiShayamthetho kulesi Sabelomali esiBuyekeziwe sonyakamali wezi 2017/18. Leyo mali evele ihlizakelwe isiShayamthetho yona ikhokha ngqo ngakho ayithathwa ibuyiselwe emuva, yingakho kuthi uma ingasetshenziswanga ibuyiselwa emuva esiKhwameni sesiFundazwe. Ngalokho-ke izi R75.679 million zisalile emalini ebiyabelwe isiShayamthetho. Kuzokhumbuleka ukuthi isiShayamthetho sehlulekile wukusebenzisa yonke imali ebesihlizakelwe ngayo ngezi R80.957 million kunyakamali wezi 2016/17, kodwa izi R5.279 million zisale emalini ewumgomo eyabelwa isiShayamthetho ngakho kumele ubuyiselwe emuva esiKhwameni sesiFundazwe.

- **UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni** kwiSabelomali sowezi 2016/17 usebenzise imali encane ngezi R32.039 million kanti uthola imali edlulela kunyakamali olandelayo eyizi R10.525 million ikakhulukazi okudalwa **wuphenyo lwabacwaningi** oluthathe isikhathi eside kunaleso ebesibekiwe, kanjalo nezinkampani ezenzela umnyango imsebenzi eziphuzile ukuletha izicelo zenkokhelo (invoices) kunyakamali wezi 2016/17.
- **Ezokuthutha** kwiSabelomali sowezi 2016/17 zisebenzise imali encane ngezi R27.929 million kanti zithola ama R27.246 million emalini edluliselwe kunyakamali olandelayo. Kulesi samba semali ama R25.246 million ahlinzekelwe ukwakhiwa **komzila wamabhasi eMgwageni oMkhulu uP577** esiFundeni saseThekwini, besekuthi izi R2 million wona uhlinzekelwe ngokukhethekile emalini ebuyiselwe emuva ukubhekana **nohlelo lwezakhiwo ezilwisana nobugebengu emngceleni** phakathi kweNingizimu Afrika neMozambique. Kunenkampani ebiyenza lolu hlelo kodwa izicelo zenkokhelo yomsebenzi (invoices) kuze kwaphela unyaka zingalethwanga emnyangweni ukuze kukhokhwe.
- **EzemiSebenzi yoMphakathi** kwiSabelomali sowezi 2016/17 zisebenzise imali encane ngezi R6.523 million kanti zizothola izi R5.866 million emalini edluliselwa kunyakamali olandelayo ezizosetshenziselwa ukwakha **uHlelo oluKhulu lweNgqalasizinda yesiFundazwe**.
- **EzobuCiko namaSiko** kwiSabelomali sowezi 2016/17 zisebenzise imali encane ngezi R18.085 million, kanti izi R9.878 million kule mali ziyisibonelelo semiTapo yoLwazi eMphakathini. UMnyango uzothola isabelomali esiyizi R4.249 million emalini edluliselwe kunyakamali olandelayo, okuyizimali ezizodluliselwa kuMasipala waseMsunduzi (R400 000) kanye nakuMasipala waseNquthu (R1 119 wezigidi) zibhekane nokuqashwa kwabasebenzi kanye nezindleko zokusebenza kwe-Tatham Art Gallery nezindleko zokufakwa kwemiTapo yoLwazi ngaphansi kwesiFundazwe, ngokulandelana, yizimali ezizofakwa kuMgababa Youth Festival (R250 000), yiGumba Festival (R400 000), Love to Live (R80 000) kanye nocwaningonsebenzo (feasibility study) lwe-**Archive Repository** (R2 million).

Ngemumva kokuxhasa izibophezelo zesifundazwe kanye nezimali ezikapakela kunyakamali olandelayo, imali edingekayo ingaphezulu nge **R128.179** million kuleyo isiFundazwe esinayo njengoba kuvela **kumugqa 15**.

#### **C.5. Ukwabiwa kwezimali ezitholakale eMalini eQoqwa yisiFundazwe ngonyakamali wezi 2017/18**

Njengoba besengichazile, ezinye zezimali ezihlinzekelwe iminyango eziNguqukwani kunyakamali wezi 2017/18 kunamathuba okuthi zitholakale njengoba lezi zimali zifakwe esiKhawameni seziMali esiqoqwa yisiFundazwe ngonyakamali wezi 2017/18. Izimali ezibuyiselwe esiKhawameni seziMali esiqoqiwe zesiFundazwe zifinyelele kuma R21,492 million, njengoba kuvela **kumugqa 16**, kanti ezoMnyango wokuHlaliswa kwaBantu ezibuya kwa-NURCHA kanye no-Stedone njengoba kuchaziwe.

## C.6. UMgodla weZimo ezingaLindelekile

**Umugqa 18** uyasikhumbuza ukuthi iKwaZulu-Natal ibeke eceleni ama R650 million kunyakamali wezi 2017/18 eMgodleni weZimo ezingaLindelekile.

**Umugqa 19** uveza ukuthi isiFundazwe sizoba sesimeni esikahle ngakwezezimali ezisesikhwameni (**Positive Net Financial Position**) ngama **R543.313 million** uma zonke lezi zimali sezabiwe.

## C.7. Isabelo seNhlekelele yeZikhukhula

Ngesikhathi kuphothulwa iSabelomali esiBuyekeziwe, isiFundazwe sahlaselwa yizikhukhula ezinamandla ezadala omkhulu umonakalo ezingxenyeni zesifundazwe ezigudle ulwandle. Lezi zimvula ezinamandla zadala umonakalo ezingxenyeni ezithize okwaholela ekulimaleni kwezakhiwo eziningi zikaHulumeni okubalwa kuzo izibhedlela, izikole kanye nemigwaqo.

Kuthe ngokuvela kwalesi simo esinzima, uMkhandlu oPhezulu wesiFundazwe wabona ingekho enye indlela ngaphandle kokuthi isiFundazwe sihlizenzeke ngezimali uhlelo lokulungiswa kwalezi zakhiwo ngokuphuthuma, nokuthi le mali kufanele ithathwe kule esele esiKhwameni sesiFundazwe. EzeMfundo, ezeMpilo kanye nezokuThutha bayalelwa ukuthi baphuthume bahlole umonakalo odalekile ezakhiweni zabo ngenxa yalezi zimvula ezinamandla kanti uMnyango wezeziMali unikele ngosizo lweThimba eliBhekele iNgqalasizinda ukuba lulekelele kulokhu. Umbiko esiwuthole ezinsukwini ezimbalwa inhlekelele yenzekile uveze ukuthi kuzodingeka ama R434.700 million ukulungisa le ngqalasizinda elinyazwe yilezi zimvula ezinamandla, kanti lokhu kuvela **kumugqa 20**. Kulesi samba, uMnyango wezeMfundo uzothola izi R133.800 million, owezeMpilo uthole izi R100.900 million kanti ezokuThutha zona zizothola ama R200 million. Lolu xhasomali luzohlinzekwa phakathi konyakamali wezi 2017/18 enye ingxenye ngowezi 2018/19 ngokuhambisana nezicelo zeminyango.

Kanjalo futhi kanjengakuxhasomali lwezinhlekelele oluhlinzekelwe ezeMfundo emumva kweziphepho ezinamandla zamhlaka 17 kuMandulo 2017 njengoba ngike ngachaza, izindleko zomonakalo odalwe zinhlekelele nezinye ezihambisana nakho kusuke kufanele ziphume eziKhungweni ezibhekelele iziNhlekelele kuZwelonke naseziFundazweni, kodwake lokhu imvamisa kuhamba imgudu emide kanti amathuba okuthi loluxhaso lutholakale kulonyakamali esikuwo mancanane kakhulu. Ngalesizathuke loluxhasomali luhlinzekelwe ngokukhethekile ukuthi leMnyango ilungise umonakalo odaleke kwingqalasizinda ngenxa yalezimvula ezinamandla, kodwa ngokuzibophezela ekutheni loluxhasomali luzosiza ekuqalisweni kokulungiswa kwengqalasizinda ngesikhathi kusalindwe ixhasomali oluvela esiKhungweni esibhekelele iziNhlekelele kuZwelonke.

## C.7. IsiMo sezeziMali sokugcina

Uma lesi sabelo senhlekelele sesenziwe, **Isamba sezeziMali eSesikhwameni** sifinyelela kuma **R108.613 million**. Lesi samba sizogcinwa emgodleni sigade ukwelekelela i-akhawunti yesifundazwe uma kunesimo la isiFundazwe sisebenzisa imali engaphezulu kwesinayo.

#### D. UKUMISWA KOXHASOMALI/ UKUSHINTSHWA KWEZINHLOSO

Uhlelo lokubuyekeza iSabelomali sesiFundazwe luholela ekuhlinzekweni koxhasomali, ukuhlela kabusha uxhasomali kwangaphakathi ngokubaluleka kwezidingo eminyangweni, kanye nokumiswa koxhasomali noma ukushintshwa kwenhloso yalo lapho kade kuhlinzekelwe khona okuthile ngokukhethekileyo emnyangweni.

Ukumiswa koxhasomali kwenzeka uma umnyango ubona ukuthi kunokubambezeleka obekungalindelekile kweminye imisebenzi/ama-phrojekthi, bayaye bacele ukuthi lolu xhasomali lumiswe kwisabelomali sabo kulowo nyakamali bese luhlinzekelwa unyakamali olandelayo okanye iminyaka ezayo. Ukushintshwa kwenhloso yilapho uxhasomali lusuke luhlinzekelwe okuthile ngokukhethekile emnyangweni kodwa umnyango ufune ukushintsha lokho uxhasomali obeluhlinzekelwe khona. Lolushintsho lwenhloso yoxhasomali ebihlinzekelwe okuthile ngokukhethekile ludinga ukugunyazwa yiShayamthetho. Lokhu kumiswa kanye nokushintshwa kwenhloso yoxhasomali okulandelayo kubandakanywe kwiSabelomali esiBuyekeziwe kunyakamali wezi 2017/18.

- **OwezobuCiko namaSiko** ucele ukuba uxhasomali obuhlinzekwe ngalo kwiMTEF yowezi 2017/18 ukuze kwakhiwe i-**Archive Repository** lususwe evotini labo ebese kuhlelwa kabusha. I-Archive Repository ithole uxhasomali olwengeziwe ngenkathi kulungiswa iSimo seziMali esesiKhwameni kunyakamali wngamaezi 2016/17 nyakenye. Kusukela lapho lo msebenzi ubenokubambezeleka, uMnyango wezobuCiko namaSiko ube usucela ukuthi isamba esabelwe wona sihlelwe kabusha ngendlela elandelayo: R5 million kunyakamali wezi 2017/18, R78.948 million kunyakamali wezi 2018/19 kube yizi R73.129 million kunyakamali wezi 2019/20. Lokhu kuzondlalwa kahle kwiSabelomali esiBuyekeziwe sonyakamali wezi 2018/19 kanjalo nakwiSabelomali samaPhakathi noNyaka (MTEF) sowezi 2018/19.
- Ngokufanayo futhi, uMnyango wezobuCiko namaSiko ucele ukuthi izi R33.500 million ebezhlinzekwe ukuze kwakhiwe i**Sikhungo sokuThuthukisa ezobuCiko namaSiko** (Arts and Culture Academy) kushintshwe inhloso ebihlinzekelwe yona lolu xhasomali njengoba isamba esibekelwe lo msebenzi singeke senele ukwakha iSikhungo salolu hlobo. Ngakho umnyango ucele ukuba izi R20.500 million kule mali usetshenziswe ukuvuselela i**Winston Churchill Theatre** eMgungundlovu, bese kuthi izi **R13 million** uhlinzekelwe ukwakhiwa **kweSikhungo soMculo eMnambithi**, okuwumsebenzi ozokwenziwa ngokuhlanganyela ne-EDTEA. Njengoba lolu xhasomali beluhlinzekelwe okuthile ngokukhethekile, ukushintshwa kwenhloso yalo kuzodinga ukugunyazwa yisiShayamthetho kwiSabelomali esiBuyekeziwe kunyakamali wezi 2017/18, ngokuhambisana neSigaba 43(4)(a) sePFMA. Umnyango uphinde wacela ukuthi lolu xhasomali luhlelwe kabusha ngokuhlukana kunyakamali kwezi 2017/18 (R2 million), kuthi esele ihlinzekelwe unyakamali wezi 2018/19 (R31.500 million). UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa uzosebenza ngokubambisana noMnyango wezobuCiko namaSiko ukuqinisekisa ukuthi izindleko zale misebenzi yomibili zibalwa ngendlela.
- **EzokuThuthukiswa koMphakathi** ucele ukuba kumiswe isamba sezi R55 million obukwisabelomali sabo kulo nyaka bese lolu xhasomali lubuyiselwa kubo ngonyakamali wezi 2018/19. Le mali eyongekile iqhamuke ngokuthi

kubambezeleke ukugcwaliswa kwezikhala zomsebenzi imali yazo ebisihlinzekiwe, nanokuyeka kwabasebenzi. Njengoba sekwagunyazwa ukuvalwa kwezikhala eziyi 129 futhi sekwakhishwa nezikhangiso ngoNhlotlanja 2017, kodwa inhloso kwakuwukuthi kushaye uMbasa kuwezi 2017 sezivaliwe. Ukuqhubeka kwalolu hlelo kwaphazanyiswa yisiteleka esasingoNdasa noMbasa kowezi 2017, kanti uhlelo lokuvala lezi zikhala kumanje seluhambe indima ebonakalayo. Lolu xhasomali luzosetshenziselwa imisebenzi eyahlukene ngonyakamali wezi 2018/19, kubalwa kuyo ingqalasizinda (R21 million), ukuthengwa kwamathuluzi (R16 million) nengqalasizinda ye-ICT (R18 million).

Lokhu okulandelayo kusesigabeni sokwenziwa ngendlela efanele kulesiSabelomali esiBuyekeziwe: **IKwaZulu-Natal Gaming and Betting Board (KZNGBB)** icelwe ukuba ibuyisele isamba sezi R20.800 million esiKhwameni seMali eqoqwa yisiFundazwe eminyakeni embalwa eyedlule. Ekuqaleni lolu xhasomali lwaluhlinzekelwe ukuba leli Bhodi lithole amahhovisi amasha elizosebenzela kuwo. Lokhu kubewumqansa kanti leliBhodi lisanda kuthola indawo elizoyiqasha (rent) njengamahhovisi eMgungundlovu, ngakhoke lesi samba semali sizobuyiselwa kwi-KZNGBB kwiSabelomali esiBuyekeziwe kowezi 2018/19 ukuze senze lo msebenzi. Ingxenye yalolu xhasomali beseluvele luhlinzekelwe leli Bhodi ngesikhathi kulungiswa iSabelomali se-MTEF yowezi 2017/18, kanti isamba esisele esiyizi R20.033 million sihlinzekelwe bona kwiSabelomali esiBuyekeziwe sowezi 2017/18. Lokhu kuvela njenge-footnote eThebuleni 1.

#### **E. UKUBUYEKEZWA KWESABELOMALI NOKWABIWA KWEZIBONELELO EZINEMIBANDELA**

iSabelomali esiBuyekeziwe sowezi 2017/18 siveza ukuthi akukho ngezo olwenziwe kwisabelo saKwaZulu-Natal, ngisho **kwiziBonelelo ezinemiBandela** ezivela eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke.

#### **F. UKUBUYEKEZA INDLELA YOKWENZA/ UKUHLELA KABUSHA KWANGAPHAKATHI**

Ngaphandle kwalolu guquko, iSabelomali esiBuyekeziwe siphethe ukushintshwa kwezimali ngokwezinhlelo ezahlukene nokuzisunduzwa okwenziwa yiminyango ngesikhathi ihlela kabusha izabelomali zayo phakathi nonyaka.

Ukunikhumbuza, **i-virement wukusetshenziswa kwezimali ezongiwe noma ezigcine zingasetshenziswanga kuleso sigaba esikhulu/isigatshana sevoti ekukhokheleni izindleko ezeqile ezigaba ezinkulu/ezigatshaneni zevoti elifanayo.** Lokho kusuke kushintshe inhloso ebihlinzekelwe lolo xhasomali.

**Kanti i-shift ngakolunye uhlangothi iwukuhlinzeka kabusha izimali ebezhlinzekwe ngokungafanele kwisabelomali eQoqwa yisiFundazwe kanye nokuhlelwa kweSabelomali seziNdleko, okanye lapho izimali zigudluzwa ngenxa yokufakwa eqoqweni lezindleko.** Lokhu kubandakanya ukugudlulwa kwemisebenzi evotini ukulandela ukugudluzwa kwemisebenzi kwngaphakathi. Lokhu kusuke kuchaza ukuthi inhloso yoxhasomali ayishintshi.

Okubalulekile okufanele sikukhumbule ngokweSigaba 43 sePFMA wukuthi **ukugunyaza kwesiShayamthetho** kudingeka nomanini lapho kusuke kuncishiswa

khona uxhasomali oluhlinzekelwe **okuthile ngokukhethekile** ukufeza nhlosothizeni, nanoma yikuphi **ukuncishiswa kwemali**, kanjalo **nokuncishiswa ezimalini ezikhokhwayo kanye nezihlangabezo** ziyiswa kwezinye izikhungo. Zonke iziphakamiso zokuncishiswa koxhasomali zigqanyisiwe kwiSabelomali esiBuyekeziwe sonyakamali wezi 2017/18 engisethula namhlanje.

Ngokwenqubo yezokuGcinwa kwaMafa eziMali 21.1.1, noma nhloboni **yesipho, umnikelo, uxhasomali kuze kufinyelele esambeni esiyi R100 000** kungagunyazwa wu-Accounting Officer ofanele. Uma isamba sesevile kwi **R100 000**, kufanele sigunyazwe yisiShayamthetho. Ezimweni lapho izinto ezifana nezipho, yiminikelo kanye noxhasomali zevile kwi R100 000, lokhu makufakwe ngokuzimela kwisabelomali, kanti futhi kufakwe ngokuzimela ku-Adjustments Appropriation Bill.

## **G. ISIPHETHO**

Iminyango emine (4) eyayikhombisa ukuthi izosebenzisa imali ngokweqile maphakathi nonyaka, okuyiwona agqame kakhulu owezeMfundo, owezeMpilo kanye nowezokuThutha. Le minyango isiyalelwe wuMkhandlu oMkhulu wesiFundazwe ukuqhamuka nohlelo oluzoveza ukuthi bazokulawula kanjani lokhukusebenzisa imali ngokweqile. Kubalulekile ukuthi ingcindezi yokusebenzisa imali ngokweqile ilawulwe, ngoba ngale kwalawo masu, umnotho wesiFundazwe usengcupheni. UMGodla weziMo ezingaLindelekile okhona awenele ukuvikela umnotho wesiFundazwe uma le minyango isebenzisa ngokweqile isabelomali ngokwaleli zinga eliqaguliwe.

Nokho-ke nginokuzethemba ukuthi sizokwazi ukulawula le ngcindezi. Sidinga ukwenza ngcono indlela esikwazi ngayo ukusebenzisa imali ukuqinisekisa ukuthi ukulethwa kwezidingo kubantu baKwaZulu-Natal kuyaqhubeka.

Ukucaphuna uWilliam J. Brennan, Jr, obeyiJaji leNkantolo ePhakeme e-US: *“Kumele sibhekane ngqo nengqinamba kunokufisa ukuthi ibingekho phambi kwethu”*.

Sengiphetha, ngifisa ukuthatha leli thuba ngidlulise ukubonga uMhlonishwa uNdunankulu, ozakwethu abaHlonishwa eMkhandlwini oPhezulu wesiFundazwe, kanjalo namaLungu aHloniphekile eKomiti likaNgqongqoshe lezeziMali (MinComBud) ngosizo lwabo ekuqedeleni lesiSabelomali esiBuyekeziwe.

Ngibonga kakhulu ukwesekwa engikuthole eKomitini eliBhekele ezeziMali ngaphansi kobuholi obusezingeni bukaMhlonishwa uNkosi.

Okokugcina ngicela ukubonga abasebenzi boMnyango wezokuGcinwa kwaMafa ngokuqinisekisa ukuthi lo mqulu weSabelomali esiwethula namhlanje wenzisiswe kahle futhi ungowezinga eliphezulu.

Ngizizwa ngihloniphekile namhlanje ukwethula ngokusemthethweni lesi siPhakamiso seSabelomali esiBuyekeziwe eKZN, kowezi 2017 ukuthi indlu isibheke. Ngiyibheke ngabomvu inkulumompikiswano yalesi siPhakamiso.

Ngiyabonga.